

UMKHULEKO WEVIKI

Nkulunkulu Baba, ngiyakubonga ngokungibiza ngibe nesabelo othandweni, ekeuphileni nasekuphiliseni ebuThathwini nobudlelwano onabo neNdodana noMoya Ocwebileyo. Ngiyabonga ngokungivumela ukuthi ngibe ingxenye yomphakathi ngezindlela eziningi; kanye nomndeni wami, namabngani bami nomphakathi wePherishi yami.

Ngisize ngikhumbule ukuthi angingedwa; ukuthi ngikuloluhambo nabanye. Sengathi ngingahlezi ngijabulela ukukhona kwakho empilweni yami. Sisize sibe umphakathi okwenamisayo futhi ophilisayo kwabanye. ngoKristo iNkosi yethu.

Amen



Thola kafushane Imibhalo EyiNgcwele Yansuku zonke

Isonto	07 November	NgokukaMatewu	5: 1 - 12
UmSombulu	08 November	NgokukaLukha	17: 1 - 6
UlweSibili:	09 November	NgokukaJohanisi	2 : 13 - 22
UlweSithathu	10 November	NgokukaLukha	17: 11 - 19
UlweSine	11 November	NgokukaLukha	17: 20 - 25
UlwesiHlanu	12 November	NgokukaLukha	17: 26 - 37
UmQqibelo	13 November	NgokukaLukha	18: 1 - 8

AMALUNGISELELO ENGQUNQUTHELA KWISIFUNDABHISHOBHI ESIKHULU SASETHEKWINI



ISONTO LESI-4

UMPHAKATHI

Umkhuleko weNgqungquthela ISinodi:
adsumus Sancte Spiritus
"Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo"

Yonke imibubatho ya-Vatican wesibili iqala ngomkhuleko othi adsumus Sancte Spirit, okungamazwi okuqala esiLathini, okusho ukuthi, "Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo", okungumlando osetshenziswa kwimikhandlu, amaSinodi kanye nako kunye ukuhlangana kweBandla iminyaka engamakhulukhulu eyedlule, ibhekiswe ku-Santa Isidore wase Sevilla (c. 560-4 April 636), Njengoba silungiselela le-Sinodi, lomkhuleko umema uMoya Ocwebileyo ukuba usebenze kithina ukuze sibe umphakathi nabantu abanothando. Masi zibophezele ekukhulekeni lomkhuleko zonke izinsuku.

UMKHULEKO we NGQUNGQUTHELA

Simi phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo,
Njengoba sihlangene egameni Lakho.

Sinawe uqobo
ukuba
usiqaphe,
Zizwe
usekhaya
ezinhliziyweni
zethu;

Sifundise indlela okumele siyihambe

Nokuba sizoyihamba kanjani,

Sinteke-nteke futhi sigcwele ukona;

Ungasenzi ukuba sikhuthaze okungalungile.

Ungasenzi ukuba ukunganaki kwethu kusiholele
endleleni engalungile

Nokuthi kubekhona okusenzisa kona.

Asithole Kuwe ubunye bethu

Ukuze sihambe nawe empilweni yaphakade

Singaphambuki

endleleni yeqiniso

Nakulokho

okulungile.

Konke lokhu sikucela Kuwe

Wena ohlala usebenza kuzo zonke izindawo
nesikhathi,

Ekuhlanganyeleni noYise

beneNdodana, ngezikhathi zonke

Amen.

UMZINDLO

UMPHAKATHI

Enye yezinto ezibalulekile ngokholo lwethu ukukholwa ukuthi uNkulunkulu ngubuThathu Obucwebileyo-ubuThathu obuthandanayo, obuphilayo futhi obuphilisayo. Nathi kumele sithathe isibonelo kubuThathu obocwebileyo ngolwethu okholo.

Njengoba siqala lolohlelo lokuhambisana ndawonye, sishumayele iVangeli – ukuthakasela nokujabulela ukuba umphakathi okholweni lwethu kuyonto ebalulekile.

Singaqala nje ukuzibuka thina njengemindeni ukuthi sibukhombisa kanjani ukuba umphakathi – siyakhuleka ndawonye njengomndeni? Siyaya eMiseni njengomndeni? Siyagqugquzelwa ukuthi sibheke ukuthi eyethu imindeni ingaxhumana kanjani neminye imindeni ePherishini, ukuze ngokubambisana sikwazi ukuba nomuzwa wokuba umphakathi munye emaPherishini ethu.

Singakhohlwa futhi ukuthi nathi simunye kanye nabaCwebileyo, abasikhulekela bengaphezi njengoba siqhubeka sibikezela iVangeli kulesikhathi sethu.

